Msunduzi News
SIYINHLOKODOLOBHA
CITY OF CHOICE PIETERMARITZBURG MSUNDUZI



## UMSUNDUZI NAMAQHINGASU OKULAWULA NEMFUCUZA

Ikhasi 2



## USOMLOMO WELULEKA ABESIFAZANE

Ikhasi 4



**Abafundi izicelo zabo zemfundo ephakeme ezizokhokhelwa bekanye nezikhulu zeHhovisi leMeya.** Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo

# UMsunduzi ulekelela umatikuletsheni

**nguSiyethaba Mhlongo**

UKHUVETHE luphazamise izinhlelo ebezihleliwe kulo nyaka nokuthi zizokwenzeka ngasiphi isikhathi, ezinye kugcine kungasazeki ukuthi ngabe ziyaqhubeka yini.

Ezinye zalezo zinhlelo ilapho kulindeleke ukuba abafundi bakamatikuletsheni bafake izicelo zokuyofundela imikhakha abayikhethayo ezikhungweni zemfundo ephakeme. IMeya yaseMsunduzi uMhlonishwa uMzimkhulu Thebolla ithumele ihhovisi layo ezikoleni elimeme izinhlaka ezithintekayo ukuba ziyolekelela abafundi.

Kuqalwe lolu hlelo ngokuvakashelwa kwezikole iBongodunga High School neGeaorgetown yizikhulumi eziqhamuka emanyuvesi ezobuchwephe iDurban University of Technology (DUT) neMangosuthu university of Technology (MUT), isikhulumi esiqhamuka kuMwelase Foundation nenkampani iMondi.

UMnu uLucky Mbatha obemele ihhovisi leMeya wazise abafundi ukuthi lezi zikole ziphakathi kwezinye eziseduze kwenhliziyo yeMeya. "IBongodunga iyo kuphela ebeyimele isifunda uMgungundlovu kungxoxompikiswano ebibanjwe ebuxhakaxhakeni bezokuxhumana kuphalamende leSishayamthetho. Umfundi obemele lesi sifunda nguSibahle Mndima. Esikuphathele abafundi isikhali esinzima kunazo zonke okuwulwazi," kusho uMbatha.

UMnu uLungelo Sithole ololeka ngokuqoka izifundo zemfundo ephakeme uthe: "Sicela abafundi basebenzise izinhlaka ezibekwe uHulumeni, abasebenzise ihhovisi leYouth Centre eliku-19 Gallway Lane ukwelulekwa ngemikhakha abangayikhetha."

Leli hhovisi lelekelela ukuthuthukiswa kwezemidlalo, kwamabhizinisi neminye imikhakha. Unxuse abafundi ukuba bahlale belungile njengoba ubhubhane ukhuvethe lukhombisile ukuthi ikusasa alaziwa.

Weluleke abafundi ngokuthi bangawabukeli phansi amakolishi abizwa ngamaTechnical Vocational Education and Training (TVet).

UMnu u-Ayanda Blose oqhamuka eMUT wazise abafundi ukuthi le nyuvesi inezigaba zemfundo (faculty) okungesobunjiniyela, iMovement Science eNatural Science wabe esebachazela ngezifundo okufanele bazithathe ukuze bakwazi ukungena kulezi zigaba. Kwesobunjiniyela kumele umfundi abe neMathematics, iPhysical Sciences ne-English.

Kumele abe nemiphumela engaphezu kwama-50 isifundo ngasinye namaphuzu angama-30.

KwaNatural Sciences kudingeka iLife Sciences noma iPhysical Sciences, iMathematicss noma iMaths Literacy kanye ne-English. Kudingeka amaphuzu angama-28.

Weluleke abafundi ukuba bangabheki la maphuzu amancane ngoba lo mkhakha uthatha abafundi abangama-60, okusho ukuthi baqoka labo abanaphezulu.

kwaMovement Science badinga amaphoyinti angama-25, izifundo okumele umfundi abe nazo yi-Accounting, iMaths kanye ne-English. Ube eseluleka izingane ukuba ngenkathi zisafaka isicelo zibhale ukuthi zizowudinga umfundaze iNational Student Financial Aid Scheme (NFSAS).

"Kuqala uNFSAS ubuyisikweletu manje sekuwumfundaze njengoba kunokhuvethe ningakwazi ukuthi nivakashele izikhungo sicela nisebenzise ubuchwepheshe ngokungena kugoogle ubheke uMUT Schools."

UMnu uMichael Zulu oqhamuka eDUT wazise abafundi ukuthi lesi sikole samukela abafundi abafake izicelo kwaCentral Application Office (CAO) kuphela.

Unxuse abafundi ukuthi bathole ukwalulekwa ngokufakwa kwezicelo. "Iphutha elijwayele ukwenziwa abafundi ukungalandelanisi ngendlela izifundo, umuntu agcine ngalezo ezisemzweni yakhe.

Okunye engikucela kubafundi ukuthi bakhethe izifundo okuthiwa zinqabile lapha eNingizimu Afrika kepha okumqoka ukuthi kube izifundo ozozithanda. Lapha eNingizimu Afrika ili-100 uhlobo lwemisebenzi okuthiwa iyashoda."

Okugcizelelwe uZulu ukuthi akuzona izifundo zobusayensi kuphela ezishodayo kepha nezokupheka, kungekona ukuthi abantu bakuleli bengakwazi ukupheka kepha iziqu abanganazo ingakho sekulandwa abasemazweni angaphandle.

Okunye akugcizelelile ukuthi abafundi bafake izicelo zabo kuNFSAS ngoba uHulumeni uhlinzeka ngayo yonke into okomfundi ukuthi abafundi abe nemiphumela emihle.

UNks uNomfundo Dubazane oqhamuka eMwelase Foundation uthe njengengxenye yokugqugquzela abafundi ukuthi bafake izicelo zokwenza izifundo zabo bazokhokhela izingane ezine.

UNks uNangomso Qgejana naye uthe uzokhokhela izingane ezine. Laba bafundi abahlabane ngalolu sizo bebephendula imibuzo esidlangalaleni, othole kahle nguye ozokhokhelwa.

Ukuvalwa kwezicelo zoxhaso lwakwaNFSAS kuvalwa mhla zingama-30 kuLwezi kophezulu. Kulo nyaka iTvet ikhishiwe kuCAO kwasala iNyuvesi yaKwaZulu-Natal, iNyuvesi yasoNgoye (Zululand), IMUT neDUT.

Lama nyuvesi amukela abafundi abafake izicelo kwaCAO kuphela, awasabamukeli abazifikela mathupha. I-UNISA kanye namaTvet ibona kuphela abanendlela ehlukile yokufaka izicelo.

**IHHOVISI LOMHLELI**

Suite D6, Block D,
Meyrickton Park,
2 Meyrickton Place
Hillcrest,
KwaZulu-Natal,
3610

PO Box X821
Hillcrest
3650

editor@msunduzinews.com

**IZIKHANGISO**

Mayelana nezidingo zakho zokukhangisa ungaxhumana nathi kule nombolo: 086 511 4171 noma kule email: sales@igunundu.com

**THOLA I-MSUNDUZI NEWS**

Iphephandaba uMsunduzi News litholakala eMgungundlovu namaphethelo. Uma ufisa ukuzitholela amakhophi oMsunduzi News, ungaxhumana nathi kule
Email: sales@igunundu.com
noma ngocingo ku: 031 765 6662 / 081 257 7392

**ISIBOPHEZELO**

IMsunduzi News izinikele ekuletheni izindaba eziyiqiniso ngolimi lwakho. Izintatheli zethu ziqeqeshwe ngokwanele futhi zihlale zenza okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi ezikubhalayo kucwaningwe ngokuphelele ngaphambi kokwethulela abafundi.
Uma unombono noma izindaba obona zifanele ukushicilelwa i-Msunduzi News sithinte kule mininingwane; Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392, Fax 086 511 4171, Email: editor@msunduzinews.com noma usibhalele ku: PO Box 533, Hillcrest, 3650



**ILUNGELO LOKUSHICILELA**

I-Msunduzi News ishicilelwa yi-Igunundu Press, (Pty) Ltd. Konke okushicilelwe kuleli phephandaba, ngisho amagama asoshicilelweni lwasemoyeni (online), okufaka izindaba nezithombe ungokwelgunundu Press Images, ngaphandle uma kuveziwe ukuthi akunjalo. Ilungelo lokushicilela noma ukusebenzisa okushicilelwe kuleli phephandaba ngelegunundu Press (Pty) Ltd, ngokomthetho i-Section 12(7) of the Copyright Act of 1978. Imibono eshicilelwe kuMsunduzi News akuyona eyoMhleli, abasebenzi noma abashicileli baleli phephandaba.



**UKUCOPHELELA**

Uma ubona amaphutha ezindabeni esizilobile, siyacela ukuba usazise ukuze siwalungise.
Ungasithinta ngenye yalezi zindlela ezingezansi.
Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392,
I-fax: 086 511 4171,
I-email: editor@msunduzinews.com
Ikheli: PO Box 533, Hillcrest, 3650

## Ithimba loMsunduzi News

| | |
|---|---|
| Umhleli Omkhulu | Nhlanhla Mtaka |
| Umhleli Wezindaba | Sabelo Mbatha |
| Umdidiyeli | Zweli Xala |
| Ukuhanjiswa Kwephepha | Mnyamezeli Mtaka |
| Izintatheli | |
| | Siyethaba Mhlongo |
| | Andile Mahlaba |
| | Celani Sikhakhane |
| | Sabelo Maphumlo |
| | Luvuyo Thahla |
| | Anathi Mtaka |

@MsunduziNewsOfficial @MsunduziNews editor@msunduzinews.com

IGUNUNDU PRESS

**UMA UNOMBONO:** Thumela imibono yakho kuleli kheli: Suite D6, Block D, Meyrickton Park, 2 Meyrickton Place, Hillcrest, KZN, 3610. Incwadi yakho kumele ibe negama nekheli lakho futhi ingeqi emagameni angamakhulu amathathu. Incwadi kumele ifinyelele kuMhleli lingakashayi ihora lesihlanu ngemiSombuluko.
**EMAIL**: editor@msunduzinews.com
**FAX**: 086 511 4171. Umhleli unelungelo lokufingqa incwadi ebhalwe yeva enanini elibekiwe lamagama.

Press Council

UMsunduzi News uzinikele ekusebenzeni ngaphansi kwemigomo yePress Council yakuleli, ethi izindaba kumele zibikwe ngokweqiniso, ngokucophelela, ubulungiswa obuhambisana nokunikwa kwethuba kwabathintekayo. Uma usola ukuthi le migomo asiyilandeli ngendlela, xhumana noPress Ombudsman ngokumbhalela ku-2nd Floor, 7 David's Park, St David's Place, Parktown, 2193 noma ku-PO Box 47221, Parklands 2121. Ungathumela ne-email ku-pressombudsman@ombudsman.org. za. I-website ithi www.ombudsman.org.za


**UKULAWULWA KWEMFUCUZA**

# UMsunduzi ulungisa indawo yemfucuza

**nguSiyethaba Mhlongo**

SELOKHU kuqubuke umlilo ezinyangeni ezedlule endaweni yokulahla imfucuza eMsunduzi izinhlaka zikaHulumeni ezibhekelele le ndawo enkulukazi yokulahla udoti bezisebenza zingaphumuli ukuthola izixazululo kungabekeki impilo yezakhamuzi zaseMsunduzi engcupheni.

ISikhulu Esiphezulu sophiko lwakwaWaste kulo Mkhandlu, uMnu uWilson Mhlongo, sigeqe amagula sisho ngezinhlelo uMsunduzi neminye iminyango kaHulumeni abanazo ukuthuthukisa le ndawo.

UMhlongo uthe emva komlilo owaqubuka kule ndawo kusungulwe ikomiti elihlangana nsuku zonke ukuhlonza izingqinamba ezihlasele ilandfill. UMnyango Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZoMdabu yiwo obuhola leli komiti. UMhlongo uthi lo Mnyango bewubalekelela ukuhlaziya nokuhlonza izinkinga eziwumongo kule ndawo, incwadi yokungahlangabezani nemigomo yelandfill eyayikhishwa ngaphansi kweSigaba sama-31(L) ebesikhuluma ngezikhala ezihlonzwe uMnyango, kulandela isigameko somlilo owaqubuka kuqala unyaka ngoNhlolanja.

"Into ehlonzwe njengenkinga yokuqala imishini ebizwa ngeYellow Plant, okuyinsizakusebenza emqoka ekusebenzeni kwansuku zonke kwelandfill. Okunye okwahlonzwa njengenkinga ukulawulwa kwelandfill nokuthi kuqhutshekelwa kanjani phambili," kusho yena.

Uthe njengengxenye yesixazululo, balandele lokho okuwumyalelo woMnyango, obekuyizinkinga zokulawulwa kwelandfill. Okuqala bekuwukuhlonza uhlobo lwemfucuza engena khona ukuze kuqinisekiswe ukuthi abalahlayo abaphethe yini imfucuza eyingozi. Okwesibili ukuthi izisebenzi zilawule inani lezimoto ezingena kuleya ndawo, okwesithathu ukuthi kube nezisebenzi eziyalelayo ukuthi ikhasimende kumele lilahle kuphi. UMhlongo uthi zonke lezi zinkinga seziwumlando njengoba sebevuselela neweighbridge okungenye yezinto ekwazi ukuhlonza imfucuza engena kule ndawo.

Uthe enye yezinkinga eyayihlonziwe kwakuwukuthuthwa kwenhlabathi ezogqiba le mfucuza ngoba uma igqitshiwe ayokheleki ngomlilo futhi akubi bikho izilwane ezinjengamagundane. "Ilokho esesiqalile ukukwenza, ukuqala okugcwalisa lezi zindawo ezinesikhala sesiqalile futhi ukuqinisekisa ukuthi indawo iyaqonda yonke futhi nokuhamba kwamanzi kuzokwazi ukulawuleka kahle (drainage system) ngoba kumele siqinisekise ukuthi amanzi azobe echithwa ilandfill awayi emfuleni uMsunduzi kepha aya endaweni eyakhelwe lokho khona kulandfill," kusho yena.



**Ukungena eNew England Road Landfill Site** (Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)

Uqhube wathi ngokwezempilo kunebanga elibekiwe okungamele abantu bakhe onqenqemeni lwelandfill. "Lokhu kukhuluma ngokuthi kungani uMasipala ulwisana kanje nemikhukhu eyakhe kule ndawo. Lokhu bekwenziwa ngenxa yokuhlenga izimpilo zabantu," usho kanje.

UMhlongo uthe enye inkinga abebebhekene nayo eyokusetshenziswa kabusha kwemfucuza (recycling) ephinda ikhulume nabantu abenza lo msebenzi ukuziphilisa ngelandfill.

"Bekungekhona ukuthi bacosha imfucuza kuphela kepha bekunobugebengu obuningi obebuqhubeka ngenkathi becosha. Kudingeke ukuthi siqhamuke namaqhingasu azokhuluma ngokuncishiswa kwemfucuza elahlwayo elandfill."

Uthe okudingeke ukuba bakwenze ukuba nohlu labantu abacosha imfucuza lapha nokuqinisekisa ukuthi bakwenza lapho kuvumeleke khona hhayi lapho kusetshenzwa khona ngoba ngokomthetho kumele kube nabantu abaqeqeshelwe ukusebenza kuyo ngenxa yobungozi bemishini.

"Abantu abacosha imfucuza basakhona, uMasipala usahlonza indawo lapho abazosebenzela khona. Manje sebeyalawuleka, uma kushaya ihora lesine ntambama kukhuphuka abaqaphi basebenzise imibhobho ukubayalela ukuba baphume, futhi bayalalela," kusho uMhlongo.

UMhlongo uthe uMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho uyabahola ekutheni bazolekeleleka kanjani laba bantu ukuze basebenze ngendlela efanele nephephile futhi kungabi bikho ozolahlekelwa ngokuthize. Uthe ukuba khona kwabantu abacosha imfucuza kuyawuzuzisa noMasipala ekutheni isikhathi selandfill seluleke ngoba udoti uzobe ungalahlwa wonke.

"Laba abacosha imfucuza bazobe beklala indima kuGDP njengoba bezobe bebhaliswe ngokusemthethweni," kusho yena.

Odabeni lokushoda kwemishini, uthe uMasipala sewuluqalile uhlelo lokuyithenga ukugwema izigameko ezifana nesenzekile ngaphansi kweSigaba sema-30. "Esiphezu kwakho njengamanje ukuvala igebe phakathi kwezisebenzi ezingenaso isipiliyoni sokusebenza elandfill bese zithola ukuqeqeshwa ukuze zifike kulelo zinga. Sesisebenzisana noMnyango Wezasekhaya ukususa izakhiwo ezakheke onqenqemeni ngoba kunabantu okungasibo bakuleli abakhe kuleya ndawo kanjalo namaphoyisa ukuqapha noma ngabe isiphi isimo esenzekayo."

**UKULAWULWA KWEMFUCUZA**

# UMsunduzi namaqhingasu ngemfucuza

**nguSiyethaba Mhlongo**

UKULAWULWA kwemfucuza kwehlukene. Emva kwesikhathi eside uphiko lwakwaWaste lungenayo imeneja ngokusemthethweni, ngenyanga kaMbasa uMasipala uqhamuke nesixazululo yaqasha uNks uNokubonga Kunene (osesithombeni) njengeMeneja yakwaDomestic Waste. Umsebenzi wakhe ubheka ukuqoqwa kwemfucuza eMsunduzi umuzi ngomuzi, ukushanelwa kwemigwaqo, ukuqoqwa kwemfucuza ezindaweni zamabhizinisi, ukuhlanzwa kwalapho kulahlwa khona ngokungemvume nokuhlanzwa kwezindlu zangasese zomphakathi.

UNks uKunene uthi akuthole kushoda kule ndawo selokhu eqalile ngoMbasa indlela okulawulwa ngayo izimoto. "Lolu phiko belungakwazi ukuxhumana kahle nalabo ababhekelele izimoto, njengokubika ngezingozi ababe nazo, ukuthi yenze kuphi kanjani, obekuholela ekutheni lungatholakali usizo njengokuthi kukhokhe imishwalense."

Uthi okunye akutholile ukuthi izisebenzi bezingayinakekeli impahla nezinsizakusebenza njengamaloli abefa njalo. "Njengengxenye yesixazululo sesakhe ubudlelwane nalabo abakhanda izimoto ukungangokuba noma ngabe kwenzakalani emotweni sixhumana nabo ukuze ukusebenza kusheshe futhi sikwazi ukulekelela umphakathi. Nabo sebeyashesha uma benza umsebenzi ngoba umsebenzi usuthinta nabaholi ngaphambilini babengekho," usho kanje.

Uqhube wathi ezinye izingqinamba lolu phiko obelubhekene nazo ukubika obekungenzeki. "Manje sibona kuthuthuka, izinduna seziyakwazi ukusho ukuthi izisebenzi eziziqaphile zikuphi futhi zenzani ngaleso sikhathi. Ngalokho nendlela esiqoqa ngayo imfucuza ithuthukile futhi sesiyilanda ngesikhathi."

Uthe lezi zinguquko ezintsha zizoqeda izindawo okulahlwa kuzo imfucuza ngokungemvumo ngoba nezisebenzi seziyakwazi ukuzilawula, sezibuyela lapho ezaziqashwe khona. Uveze ukuthi akutholile ukuthi izisebenzi bezizisukela ziye kwenye indawo ngoba zibona engathi kunemihlomulo engcono kunalapho ebeziqashwe khona njengokuthi oqoqa imfucuza aye kwabashanela umgwaqo ngoba ebona engathi umsebenzi wabo ulula.

"Kusukela manje sicela izakhamuzi zikhiphe imfucuza ngezinsuku ezihlonziwe ngoba iphutha ezike zilenze ukuthi uma zibona izisebenzi zikaMasipala zingafiki bese ziwubuyisela ezindlini. Kuyenzeka uthole ukuthi sinenkinga yezimoto mhlawumbe zifile ukuphoqa ukuthi silinde ebiphumile kushintshwane ngayo okudala ukubambezeleka. Ngendlela esibenza ngayo manje alupheli usuku ingalandwanga imfucuza lapho kumele ithathwe khona ngoba asifuni ukusalela emuva ngomsebenzi, ingakho uma ingaqoqwanga emini ilandwa nangobusuku," kusho yena.



Unxuse izakhamuzi ukuthi imfucuza yasengadini bayangixubi neyasendlini. UMsunduzi unezindawo eziyisi-7 zokulahla imfucuza yasengadini. Le mfucuza izakhamuzi zingayilahla zonke izinsuku ngoba lezi zindawo zihlala zivuliwe kanti aziyamukeli eyasendlini. Uqhube wathi kuwumsebenzi wezakhamuzi ukuhambisa izitini nokhonkolo okusala uma kade kwakhiwa elandfill site (rubble waste).

Uthe edolobheni baqhamuke nendlela entsha yokusebenza ngenxa yesibalo sabantu esiphezulu abalisebenzisayo kanti abakutholile ukuthi izakhamuzi zilahla noma ikuphi. Bagcine benquma ukuba kusetshenzwe ngokushintshana kubekhona abangena emini nabasebusuku ukuze kugcinwe idolobha lihlanzekile. "Esisanda kukuthola okungenza idolobha lethu linganakeki ukuthi selihlanzekile ukuthi lingadwetshwa phansi, ngakho sibone kumqoka ukuthi sisebenzisane namanye ma-unit ukuze kubonakale okwenzekayo, siphinde sabona igebe lokuthi sibuyise uhlelo olwalukhona lokutshala eziqhingini ukuze kube kubukeke kahle," kusho yena.

Uthe kulesi sabelomali bazothenga imigqomo engaphezu kwama-200. Uqhube wathi bavuse uphiko lwamapeace officers wathi uma amalungu omphakathi ubona kunomuntu ongenzi kahle ambike bona bazolulandelela udaba baphinde bashushise.

"Sicela izakhamuzi zikhiphe imfucuza ngesikhathi okuyi hora lesi-7 ekuseni. Uma kuliholidi baqhubeke bawukhiphe noma engabe uKhisimusi uzolandwa. Sicela ukuxolisa sisazoqhubeka sibavuse ngoba izakhamuzi zikhala ngokuthi zishiywe imoto kadoti. Izisebenzi zethu sezigqugquzelekile azisadluli ngoba ungekho udoti emgaqweni sezibavusa abantu."

# Libuyile ikomiti lezixazululo eMsunduzi

**nguSiyethaba Mhlongo**

NGENXA yokhuvethe imihlangano ethatha isikhathi eside ayivumelekile futhi kunesibalo sabantu abangama-50 okumele bahlangane uma indawo ivuleke ngokwanele. Khona kunokhuvethe kepha ukuhlinzekwa ngezidingo komphakathi kuwu mklamu kaHulumeni. UMsunduzi uyayilandela imigomo yokhuvethe njengokugcinwa kwebanga phakathi kwabantu, ukufaka isimfonyo osekuyimpoqo eNingizimu Afrika kanjalo nokuhlamba izandla ngamanzi anensipho noma ngesibulalimagciwane.

Imihlangano eMsunduzi seyibanjwa ngezobuchwepheshe kepha kunemihlangano ehlanganisa izisebenzi zikaHulumeni kanye nabaholi bamalungu omphakathi. Mhla zili-18 kuNcwaba ikomiti iLocal Task Team for Operation Sukuma Sakhe (LTT) lihlangane okokuqala selokhu kwaba nemvalelwakhaya. Leli komiti lakhiwa iminyango kaHulumeni eyahlukene. Okusuke kulindelekile kule minyango imibiko yokuthi yini eyenzela umphakathi nezingqinamba ehlangabezana nazo.

Leli komiti lihlanganele ehholo lomphakathi kwaGezubuso kudingidwa izinkinga eziphathelene noVulindlela. UMnu uMusa Kunene onguSihlalo waleli komiti uyisisebenzi soMsunduzi ngaphansi kophiko lwakaCommunity Services. UKunene uqale wafisa ukuthola ukuthi ngabe iWar Room iyawusebenzela yini umphakathi. Phakathi kwezingqinamba ezithulwe ngamalungu omphakathi bekuwukungafiki kweminye yeminyango kaHulumeni, amaCommunity Health Workers (CHW) adinga osonhlalakahle kanye namaphoyisa nokunqaba kokufika kwezisebenzi zoMnyango Wezemfundo.



**Umhlangano wethimba eliqokiwe lasendaweni ngaphansi kwe-Operation Sukuma Sakhe**
Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo

Obhekelele iWar room eMsunduzi uNks uSthabile Mbanjwa uthe: "IWar Room iyasebenza kepha sinxusa ezinye izisebenzi ukuthi sivakashele amaWar Room ukuze izidingo zomphakathi zikwazi ukutholakala. UMnyango Wezempilo noWezokuthuthukiswa Komphakathi kaWard 5 bahlezi beqinisekisa ukuthi baba ingxenye yale mihlangano bese bethola izinkinga ezibhekene nale Ward."

Nezinhlangano zasemphakathini ziba ingxenye yale mihlangano. Obemele inhlangano iMzansi Youth in Business (UYB) uNks uNonjabulo Khuzwayo uthe: "Sinohlelo lokuthuthukisa umphakathi olubhekene nobhubhane ukhuvethe. Sinosonhlalakahle nabantu abazungeza emphakathini ukuhlola izikhala lapho umphakathi usalele khona. Inhloso yale nhlangano ukusebenza wonke amaWard aseMsunduzi. Siqale kuWard 2 sisazoqhubekela kwamanye. Ewadini ngayinye sihlala inyanga eyodwa."

Obemele uMnyango Wezempilo uNkk uHlengiwe MaDlomo Phoswa uthe: "KwaWard 5 akukuhle neze isibalo sabantu abathelelekayo siyakhula. Lezi zibalo sizibona ngabantu abasebenzisa umtholampilo wethu kuphela kangakanani laba abasebenzisa eminye kanjalo nodokotela abazimele. Sidinga ukuqhamuka nohlelo lokuthi sizobafundisa kanjani ukuba bazivikele. Ngelanga cishe sihlola abahlanu, uma sekubuya imiphumela abathathu basuke sebenokhuvethe. UMqondisi wesifunda uSindi Mbambo ukhiphe umyalelo wokuthi labo abake basondelana nosekutholakale ukuthi usethelelekile nabo bahlolwe kungaze kulindwe ukuba bakhombise.

Okuvelile kulo mhlangano ukuthi ophikweni lwezamapaki e-Edendale banogandaganda owodwa osebenzayo okwenza ukuthi kube nzima ukuthi baphendule ngesikhathi ezikhalweni abazitholayo njengokukhula kukatshani ezinkundleni zemidlalo kwaVulindlela, e-Edendale naseMbali kanjalo naseduze komgwaqo.

Odabeni lokwentuleka kwamanzi kwaVulindlela iminyango kanye nobuholi bomphakathi banxuse uMasipala ukuba uqhamuke nenye indlela yokuhlinzeka umphakathi ngamanzi ngoba eyezimoto eziwathuthayo ayanele namathangi amanzi kuba isixazululo sesikhashana. Lezi zindawo ezinengqalasizinda kumele ilungiswe okusho nokuthi kumele kubekwe imali ezobhekana namanzi njengoba engenye yezidingo ezimqoka emphakathini.

USihlalo wekomiti uKunene uthe: "Ngifisa uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi udlulisele kuMnyango kuzwelonke ukuba ube nesixazululo ngabantu abangenamakhaya. Ubuholi bamaWard bunelungelo lokuvakashela amanye ukuyothola ukuthi leli komiti namaWar Room kusebenza kanjani. Kukhona okuthile okungakufundwa okungaholela ekutheni kuthuthuke nendlela yokulethwa kwezinsiza lapha kwaVulindlela."

UKUDLIWA KOMHLABA

# UMsunduzi uxwayisa abazithathela umhlaba

**nguSiyethaba Mhlongo**

EZINYANGENI ezimbalwa ezedlule bekukhalwa isimaye maye ngesihluku esenziwe uMnyango Wemisebenzi KaHulumeni esifundazweni i-Eastern Cape ngokudiliza imizi ebizayo yalabo abese bakhe endaweni yalo Mnyango eduze kwesikhumulo sezindiza edolobheni i-East London. Kanjalo nasesifundazweni iGauteng edolobheni iJohannesburg, uMkandlu Wedolobha kuphoqeleke ukuba wenze esifanayo ukuvikela umhlaba wawo.

ISikhulu Esiphezulu sophiko iDevelopment Services, uMnu uMthobisi Khumalo, uxwayisa labo abafuna ukuzithathela umhlaba kaMasipala ngokungemvume ngomshophi ongabehlela nokuthi uMkhandlu usenza okufanele ngakwezomthetho ukuqinisekisa ukuthi banyathela ngokucophelela uma sebesebenzisa lolu daba.

UKhumalo uthe: "UMasipala ubhekane nesibalo esiphezulu sabantu abazithathela umhlaba kamumva. Lokhu kuhlukene kukhona abazithathela umhlaba ongaphansi komuntu thizeni noma kaHulumeni. Kunezindawo ezinigi ezihlonziwe lapho abantu bezithathela umhlaba."

Phakathi kwezindawo azibalile uKhumalo lapho ukuthathwa komhlaba kuphezulu eMsunduzi iNingizimu yoMsunduzi kube i-Ambleton 3, iThe Farm Shenston, iMarikana, iHerewood, i-Azalea Cemetry, i-Unit H Warworks, iShortts Retreat kanti enhla noMsunduzi iGlenwood, iBishopstowe, iSite Eleven Ottos Bluff, iPeace Valley 3, iSignal Hill, iYellowood Place, iNhlalakahle, iBeacon Hill Farm kanye nase-Ezinketheni.

UKhumalo uthi ezinye zalezi zindawo zihlonzwe njengalezo okuzokwakhiwa kuzo izindlu zikaHulumeni kanti uMkhandlu usuziyise kuMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu sekulindwe ukuba kuqhubeke umsebenzi. Ezinye zazo uMasipala unezinhlelo zokuthuthukisa izindawo ngazo. Uqhube ngokuthi inkinga ngokuthathwa ngokungemvume komhlaba sekube ngeyezwe lonke ezikhathini eziningi okwenziwa iqeqebane labantu abahlele okuthize ngenxa yezizathu ezahlukene kugcine kuhlukumezeka labo abathengile kubona.

"Ukuthathwa kwezindawo uma siqoqa ulwazi siwuMasipala sike sithole ukuthi abantu basuke besondela edolobheni, ukungasheshi kakhulu kokwakhiwa kwezindlu, ukusondelela amathuba emisebenzi, indlala kanye nokwantuleka kwamathuba omsebenzi," usho kanje.

UKhumalo uthi kunamakomiti asunguliwe ukuba adayisele abantu umhlaba ngokungemvume elutha izakhamuzi, lokhu uMkhandlu usuyazi ngakho. Uthe amanye ala makomiti anamanye aMakhosi. "AMakhosi awanayo imvume yokudayisa izindawo zikaMasipala, umphakathi sesiwaxwayisile ukuthi ukuthenga umhlaba kula makomiti akuwuniki ubufakazi bokuthi indawo ngeyakhe lowo muntu othengayo, okuholela ekutheni kuthathwe izinyathelo zomthetho okugcina kulahlekelisa izakhamuzi ngemali," kusho yena.



**UMnu uMthobisi Khumalo** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

Uthi umphakathi kumele wazi ukuthi uMasipala uthatha izinyathelo ezinqala kubantu abazithathela umhlaba wawo. "Izixwayiso sezikhishiwe lapho kudingeka khona, abanye sebezitholile futhi izincwadi zokudilizela izakhiwo lapho inkantolo isivune khona uMasipala. Kwezinye izindawo lapho bezithathele khona umhlaba uMasipala usufake izicelo Enkantlo Ephakeme uba ikhiphe labo abazithathele ngokungemthetho, ukubhidliza lezo zakhiwo ezingatholanga imvume kuMasipala ukuze bavikele ukuphinda kuhlalwe ngokungemvume kuleyo ndawo."

Uthi eMsunduzi sekunomkhuba wokuzithathela umhlaba kaMasipala nokaHulumeni ngoba abantu bebalekela ukukhona amareythi. Kulezi zindawo abazithathela kuzo bakha imizi kanokusho ngoba befuna ukuthola izinsiza zamahhala ezinhlinzekwa uMasipala, phakathi kwalezo zindawo i-Ambleton, Shanstone naseHenley Dam. Ngenyanga eyedlule uMKhandlu uze wanquma ukuqhamuka nezinhlelo zokubiya idamu ngoba abazithathela umhlaba basondela eduze kakhulu kwalo.

Uqhube ngokuthi ukuthathwa ngokungemvume komhlaba kuphazamisa izinhlelo zokuhlela idolobha, kubambezela nalabo obekumele bahlomule ekwakhiweni kwezindlu zikaHulumeni kuze kuphazamise nokuhanjiswa kwezinsiza emphakathini.

"UMasipala usezinhlelweni zokuthatha i-Anti-Land Invasion Policy (2020) ehlose ukunqanda ukuthathwa komhlaba nokugwema ukunyuka kwesibalo semijondolo, iphinde ikhulume nezinhlelo zokuhlaliswa kwabantu nokuthuthukiswa kwezindawo," usho kanje.

Uthi uMasipala ususebenzisa izindlela ezizonqanda ukuthathwa komhlaba. Okuseqhulwini uphiko iDevelopment Services seluhlonze umhlaba ongasetshenziswa ukuthuthukisa umnotho nabatshalizimali edolobheni okuzolekelela ekutheni kudaleke amathuba emisebenzi kuzakhamuzi kuphinde kuliwe nodaba lokuthathwa komhlaba.

UKhumalo uphethe ngokuthi baxwayisa izakhamuzi futhi bavikela nalabo abazozithola sebethenga umhlaba kaMasipala ngokungemthetho. "Izakhamuzi kumele zazi ukuthi sekwakhiwe uphiko iRapid Response olusungulelwe ukuqapha izindawo zikaMasipala,"kusho yena.

Uthe uma kukhona onesifiso sokuthola ulwazi kabanzi ngokuthengiselana ngomhlaba eMsunduzi angathintana naye ngqo enombolweni ethi: 033 392 2493 noma ku: mthobisi.khumalo@msunduzi.gov.za okanye asebenzisi inombolo kaMasipala ephuthumayo ewu: 033 845 5911/ 033 392 3725 ukubika ngalabo abathatha umhlaba ngokungemvume.

ISISHAYAMTHETHO

# USomlomo weluleka abantu besifazane

**Kufanele kubukwe ukukhuliswa kwezingane ukuze zizibone zilingana kusuka zikhula ngoba lugotshwa lusemanzi.**

**nguSiyethaba Mhlongo**

USOMLOMO woMsunduzi iKhansela u-Eunice kaMajola Zondi uthi bafisa kungabi inyanga eyodwa kuphela ukukhuluma izinto zabantu besifazane kepha kube unyaka wonke.

"Ukungena emlandweni wosuke slwabesifazane ngokwepolitiki, kunabantu abalilwela aluvelanga lwaqhamuka lwase lwabungazwa kepha kunabantu abalwa kwachitheka igazi, abanye badlula emhlabeni. Omama abanjengoNkk uLillian Ngoyi, uNkk u-Albertina Sisulu kanjalo noNkk uWinnie Madikizela-Mandela nabanye abaningi abenza isiqiniseko ukuthi siyabonakala njengomama baseNingizimu Afrika," kusho uSomlomo.

Uthe kuningi ababekulwela ngengcindezelo yangaleso sikhathi. UkaMajola uthi omama bangena ezindaweni eziningi, ngaleso sikhathi kwakuyingcindezelo yabantu besilisa kanye nabesifazane eyayihlanganisa wonke umuntu, okwakungabantu besilisa, abesifazane kanye nentsha, eyagcina inqotshiwe.

Uqhube wathi njengabantu besifazane kusanezingqinamba ekuhlangabezwana nazo njengokungena kwezomnotho okungakabi lula eNingizimu Afrika. "Njengamanje kusanabantu abathile abaziwayo ukuthi baphethe umnotho waseNingizimu Afrika iningi labo abamhlophe besilisa. Njengabantu besifazane siyafisa ukuthi singene sibe ingxenye yomnotho waseNingizimu Afrika."

Uthe ziningi izinkinga ezibhekene nabantu besifazane le osekukhulunywa ngayo manje okuwukuhlukumeza ngokobulili ingezinye zazo futhi ngeke bayeke ukukhuluma ngayo bengakaboni ukuthi leyo nkinga seyixazululekile futhi bagculiseka. USomlomo uthi basazoqhubeka bayilwele futhi babone ubumqoka babantu besifazane.

"Kweyokuhlukunyezwa ngokobulili sike sibuke lokhu okubonakalayo lapho kumele umuntu aze abe nemihuzuko nezibazi ukubonisa ukuthi ushayiwe, bese ekwazi ukubika emaphoyiseni. Kepha kukhona le yokuhlukumeza ngokomoya lapho uzizwa umncane njengomuntu wesifazane, uzizwe uphelelwa nayisithunzi, lobo buhlungu budlula lobu bokuthi ushayiwe, lolo hlobo lokuhlukumeza lubiza ukuthi sihlangane singabesifazane sibuke ukuthi sibhekana kanjani nalezo zinkinga. Inkinga ngalolu hlobo lokuhlukumeza ngeke uze ume ngalo ngisho enkantolo ngoba akuvamile ukuba nobufakazi," usho kanje.



**Ikhansela u-Eunice kaMajola Zondi** (Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)

Uthe okunye okufanele kubukwe ukukhuliswa kwezingane ukuze zizibone zilingana kusuka zisakhula ngoba lugotshwa lusemanzi. Uthi inkinga iqala izingane zisencane lapho eyomfana ikwazi ukuphuma ekhaya kepha eyentombazane ivaleleka, imisebenzi yasekhaya ingabiwa ngokulingana, kuba nemisebenzi yengane yentombazane lokho okuze kufike esigabeni lapho nomzali engasakwazi ukusilawula lesi simo azifaka kuso enganakile ukuthi utshala imbewu yokungalingani ngokobulili.

Uqhube wathi emsebenzini kuyazanywa ukuba kulingwane ngokobulili ngokwamaphesenti, imiholo efanayo kodwa nakhona kusadinga ukuba kusetshenzwe mbijana. Uthe okunye okumqoka usiko athe kumqoka ukuba abantu besifazane bakwazi ukuhlukanisa isiko nokulingana (50/50) okuhlezi kukhulunywa ngawo nangendlela abantu abawubuka ngawo kuze kubonakale ukuthi cishe abakuqondi lokhu.

"Size siwufake nala okungafanele khona singabantu besifazane. Lolu daba luka-50/50 kumele lusebenze ezindaweni ezinjengasemsebenzini njengokuthi uma ngisebenza kumele ngibonakale ngendlela efanayo neyomuntu wesilisa futhi nami ngizinikele ngendlela efanayo emsebenzini wami njengomuntu wesilisa, okuholela ekutheni sihole iholo elifanayo namathuba okukhula emsebenzini afane," kusho ukaMajola.

Uphethe ngokuthi abantu besifazane abangagqibi izinto abazenzayo ezingalungile basebenzise eka-50/50. "Okumqoka ukuthi sibuke lento yenhlonipho, siyihlanganise nenqubo yasekhaya ngalokho sizokwazi ukuwusebenzisa ngendlela lo 50/50 owawubekelwe kona."

UKHUVETHE

# Uyaqina umkhankaso wokulwa nokhuvethe

**ngu-Anathi Mtaka**

UMSUNDUZI ngenye yezindawo ebe nezibalo eziphezulu zabahaqwe ukhuvethe edolobheni, emalokishini nasezindaweni zasemakhaya kanti akugcini ngokugula kwabantu kepha nesibalo sabadlula emhlabeni siyakhuphuka. UMnyango Wezempilo kanye noMasipala wesifunda uMgungundlovu banqume ukuhlaba ikhwelo beqwashisa izakhamuzi zaseMsunduzi ngokubhebhetheka kwaleli gciwane.

Lo mkhankaso oqhutshwa uMasipala wesifunda uqale emtholampilo eMafakatini wadlulela emarenki amatekisi ngenhloso yokuzama ukuqwashisa abantu abaningi. Isikhulu esiphezulu sesibhedlela i-Edendale uNkk uNelisiwe Nxaba kanye nesomtholampilo uNks uSimangele Zondi bebeyingxenye yalabo abebehamba beqwashisa.

UNks uZondi uthi isizathu esenze banquma ukuba nalo mkhankaso eMafakitini ukuthi ziphezulu izibalo zabahaqwe ukhuvethe khona kanti kunenkoleloze yokuthi lesi isifo sasedolobheni lesi. "Siyazama ukufundisa ngokhuvethe nokuthi lukhona futhi iziphi izindlela abantu abangagwema ngazo ukuthi batheleleke, bayafundiswa nezimpawu zalo. Uma amalungu omphakathi ezosebenzisa umtholampilo ayahlolwa amazinga okushisa emzimbeni, abuzwe nemibuzo ethile ukuze sikwazi ukuhlonza osehaqekile."

Uqhube wathi kunezinye izakhamuzi ezingakholwa ukuthi ukhuvethe lukhona kodwa khona kunjalo abapheli amandla ukudlulisa umyalezo bagcizelele ukuthi leli gciwane likhona futhi aziziphephise. Uthe basebenzisana nezisebenzi zase-Edendale kanye nenhlangano engenzi inzuzo iCaprisa. Ngesikhathi besahlaba lo mkhosi bahlole izakhamuzi ezingama-61 okuthi sezifundisiwe ngezimpwu zalesi sifo zase ziphumela obala ukuthi kukhona ezikusolayo.

"Uma kukhona okutholakale ukuthi unokhuvethe sisebenzisana nalabo abahlangane naloyo muntu bese behlolwa nabo. Abaningi bahlolwa e-Edendale ngoba banezinsiza zokulandelela abathe bahaqwa ilesi sifo. Engibona engathi kusalele nokwenza ukuthi izibalo zikhuphe ekubeni kusendaweni yasemakhaya ukuthi kunezinkolelo njengokuthi uma umuntu enezinhlungu esifubeni abantu bacabanga ukuthi idliso, okunye indaba yokuhlangana njengemigcwabo kule ndawo omakhelwane basagcwala lapho kunesifo khona, kanjalo nasematekisini abakaboni kumqoka ukufaka izimfonyo nokuqhelelana," usho kanje.

Uthe abantu bayabafundisa ukuthi uma bezozigcina ngabodwana besekhaya yini elindeleke kubo njengokuthi kumele umuntu ahlale yedwa, asebenzise izitsha zakhe aphinde angasondelani namuntu. Uthi kulula ukwenza lokhu emakhaya ngoba izindlu ziningi futhi kunorawondi lapho bezivalela khona. "Uma kukhona otholwe enalesi sifo wayalelwa ukuthi azigcine ngayedwana bekungakenzeki ukuthi kutholakale omunye esesimhaqile osemndenini," kusho yena.



**Amalungu omphakathi eMtholampilo waseMafakatini**
(Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)

Uthe ubona umtholampilo wabo unendima oyiklamayo ukunqanda ukubhebhetheka kwaleli gciwane ngoba nanoma ubani owusebenzisayo uyafundiswa ngalo ngokulandela imyalelo ekhishwe uMnyango Wezempilo, ngalokho bayakholwa ukuthi ulwazi abaludlulisela emphakathini luzoze luzwele kakhulu futhi lube nesisindo.

UNks uZondi uthe njengoba kusendaweni yasemakhaya bayabafundisa ngamagama adume sekunokhuvethe njengelithi screening, quarantine no-isolation.

"Bebeba nokuthuka uma ubabizela ngasese uma sibahlola bese siyabachazela ukuthi kusebenza kanjani futhi imibuzo esibabuza yona ihloseni."

Ube esenxusa umphakathi ukuthi ulandele imgomo ebekiwe njengokungahlangani ndawonye futhi bazi ukuthi akusizona izinto zesiZulu kuphela ezigulisayo zikhona nezifo.

UNkk uNxaba unxuse izakhamuzi ukuthi zingakholelwa kulokhu ezikuzwayo kepha ziye kwabezempilo abaqeqeshiwe. "Ngiyazi ukuthi izakhamuzi ziyakholelwa kumhlonyane kepha kunabantu obagulisayo. Akukaqinisekwa ukuthi umhlonyane uyalulapha yini ukhuvethe. Ingakho uthola ukuthi abanye bavele baphalaze noma bagule kakhulu kunakuqala ingoba usuke ungahloliwe lo esiwukha entabeni. Okwesibili nesikali sisuke singasazi esilapha kahle uma sitshelana sodwa lapha emakhaya ngoba omunye uphuza inkomishi yonke omunye isipuni," kusho uNkk uNxaba.

Unxuse izakhamuzi ukuba zingahlali emakhaya uma zizizwa zingaphephile waphinda wazazisa ukuthi awukabi bikho umgomo wokhuvethe, nalabo abadla imishanguzo yezifo ezithize bangayiyeki ukuze baphile. Uphinde wanxusa izakhamuzi ukuthi zisebenzise izinkundla zokuxhumana ukuxhumana nezihlobo zazo nabathandiweyo bazo.

Ilungu lomphakathi uMnu uSabelo Mthembu lithe: "Sisanenkinga lapha emakhaya ngoba sisamcwasa umuntu ophethwe ilesi sifo. Kufana noma uke wayalela umuntu ukuthi aye emtholampilo uma ubona izimpawu zalesi sifo usuke sewuyinyathele emsileni. Ngicela thina siyizakhamuzi siyeke ukucwasana."

IZINOMBOLO EZIMQOKA - UKULWA NENKOHLAKALO 0801 000545 FAX 0800 007788

# UMsunduzi usukumela olokuhlukunyezwa

**nguSiyethaba Mhlongo**

MHLA zili-10 kuNcwaba amalungu omphakathi eholwa nguMeya uKhansela uMzimkhulu Thebolla, ilungu lePhalamende uNks uMina Lesoma, iKhansela lakaWard 2 uMnu uSibusiso Mtshali kanye nenhlangano uMzansi Youth in Business (UYB) baqale uhambo lwezinsuku ezinhlanu olubheke eThekwini besuka eMgungundlovu lapho behlose ukuhlaba umkhosi ngokulwa nokuhlukumeza okuhlobene nobulili.

Lolu hambo luqale kuWard 2 eSweetwaters, lwadlula ehholo ledolobha lwase lungena umzila womjaho iComrades Marathon. Kulezi nsuku ezinhlanu bekuhanjwa kuba nezingxoxompikiswano kuphinde kuxhunywane namalungu omphakathi.

IMeya uThebolla ithe: "Lolu hlelo siluqambe ngelewalkathon inhloso yethu ne-UYB ukuxwayisa ngezinkinga zokuhlukumeza ngokobulili. Sifisa ukufinyelela kubantu abaningi ukuqinisekisa ukuthi bayabazi ubungozi futhi siyabonisana nabo ukuthi singenzenjani ukwehlisa izinga lokuhlukumeza abantu besifazane, izingane kanye namadoda."

Ithe emphakathini kugcina sekungathi amadoda awahlukumezeki. IMeya ithe okuyinhloso ukuthi nalabo abayizisulu baphumele obala bathole usizo. Iqhube yathi ngesikhathi belungiselela lolu hambo babe sebenxusa abantu abangakwazi ukunikela ngemisubelo kanye nezivikeli njengoba izwe libhekene nobhubhane ukhuvethe ukuze basize labo abangenawo amandla okuzithengela lezi zinto.

IMeya uThebolla ithe ihlezi izwa kuthiwa "Happy Women's Month" kanti kuyona lolu suku nale nyanga akusikhona ukugubha nje kuphela kepha kuwukuqhakambisa amandla abesifazane abathi sekwanele balwa nobandlululo.

"Ngiyakholwa ukuthi njengezwe kusekude phambili ngoba kusamele kubhekwane nendaba yokuhlukanisa ngokobulili. Khumbula ukuthi umbono wethu njengezwe ukwakha umphakathi ongabheki ubulili kanti indlela esingenza ngayo ukuthi kufukulwe abesifazane bangacindezelwa bathathwe njengabantu balapha eNingizimu Afrika ukuthi sibambisane abantu besifazane sibaphathe ngendlela efanele," kusho iMeya.

UNks uLesoma uthe ukuba ingxenye yohambo kuyena njengelungu elimele umphakathi ePhalamende ukugqugquzela intsha ethathe lo mkhankaso, ukuqinisekisa ukuthi njengabazali bayagqugquzelwa futhi njengoHulumeni bakhumbula okwenzeka njengoba kusaqhubeka isikhathi kunezingqinamba okubhekwana nazo njengokhuvethe.

"Lolu hambo lulodwa luvula umqondo, luphinda luthi ungazithathi njengomuntu wesifazane ohlukunyezwayo kepha ungazibandakanya nomphakathi, thina njengoHulumeni kumele siqinisekise ukuthi sivula imnyango futhi sizifaka ezinyaweni zabo kanjalo nezalabo abangabenzi bobubi ukuze sazi ukuthi bacabanga kanjani," usho kanje.



**Impi yodlame lobulili** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

Uthe igama lokuhlukunyezwa ngokobulili lenziwa ngenhloso ingakho kungashiwongo ukuthi kuwukuhlukumeza abantu besifazane ngoba amadoda, abafana, abantu besifazane abancane kanye nabadala bayaba izisulu zokuhlukunyezwa.

"Abantu besifazane sibathatha njengezimeneja zemizi ngoba ngisho izingane zilahlwe ngoyise ibona abaqhubekayo bazinakekele. Ingakho uHulumeni kumele aqinisekise ukuthi uyabaxhasa ukuze bakwazi ukunakekela labo ababakhulisayo," kusho yena.

UNks uLesoma uqhube wathi okumqoka okumele babalekelele ngakho abantu besifazane ukubahlinzeka ngolwazi ngoba lungamandla. "Ukusebenzisana kwezinhlaka zikaHulumeni kuyabonisa ukuthi umphakathi uyasidinga sonke njengoba sihlangene manje zikhona zontathu izinhlaka okuwuHulumeni kazwelonke, owesifundazwe nowasekhaya. Lokhu kusho ukuthi inkinga okubhekwene nayo iyodwa. Njengoba silapha ukuqinisekisa ukuthi siyalwa nokuhlukunyezwa kwabantu. Usuku lwabantu besifazane lunsuku zonke kanye nolwabantu futhi lokhu kusuke sekuwukuqhakambisa njengezwe," usho kanje.

IKhansela uMtshali libonge izinhlangano ezinjenge-UYB ukuqinisekisa ukuthi intsha ibamba iqhaza ezinhlelweni ezinjangalezi. "Kumina lokhu okwenzeka namhlanje ngifikelwa ithemba uma kunabantu abasha abangagcini ngokucabanga nje kuphela kepha abaphinda benze, ababhekana nezinkinga ezibhekana nomphakathi ngqo. Njengomuntu osekhaleni emphakathini, ngizokhuluma ngoWard 2 uwodwa, sibhekene namacala amahlanu okuhlukunyezwa ngokobulili lapho abantu abahlanu belahlekelwe impilo. Lokhu kukodwa kuyakukutshela ukuthi njengezwe sibhekene namacala amangaki ahlobene nokuhlukunyezwa ngokobulili uma esehlanganiswa. Sidinga abantu abaningi abazosukuma silwe nalento, uma singaba nabantu abasha singasinqoba lesi sihlava," kusho uMtshali.

Oyilungu le-UYB uNks uNontuthuko Ntshangase uthe ukuba yingxenye yalolu hambo abakwenzi ngoba bethanda ukubukwa kepha baphoqwa umkhuba ongemuhle asebewubona usabalala. Uthe bafuna uMsunduzi ongenakho ukuhlukumeza ngokobulili. "Baba uMeya sicela ukubona izinhlelo ezigqugquzela ukulwisana nokuhlukunyezwa ngokobulili. Sicela ubuholi bube sebusweni bokulwa nalesi sihlava."

# Izisebenzi zoMsunduzi zilwa nokuhlukunyezwa ngokobulili

**nguSiyethaba Mhlongo**

ZIYAKHULA izibalo zabantu abahlukunyezwa ngokobulili emhlabeni wonke jikelele. Mhla ziyisi-9 kuNcwaba ngosuku lwabantu besifazane kube nohambo olusuka eHholo ledolobha ngehora lesi-5 ekuseni luya eThekwini. Lolu hambo belusebenzisa umzila womjaho iComrades Marathon, baze bafika kwelikabhanana ngele-19h05. UNks uSilindile Khumalo oyiCommittee Officer ngaphansi kophiko lweSecretariat uthi unqume ukuhlela lolu hambo ukulwa nesihlava sokuhlukunyezwa ngokobulili. "Simeme nezisebenzi zangaphandle ngoba ukuhlukunyezwa ngokobulili akuthinti izisebenzi zakwaMasipala kuphela nje kepha uMsunduzi kanye neNingizimu Afrika yonke."

Phakathi kwezisebenzi zikaMasipala ebeziyigxenye yalolu hambo losuku olulodwa bekunguNks uNtokozo Xaba osebenza kwaSustainable Development, uNks uSimenyiwe Majola osebenza kwaSecretariat. UNks uKhumalo uthe beyizisebenzi ngalolu hambo bebeqonde ukuqwashisa ngokuhlukunyezwa ngokobobulili kanti bebengahlosile ukuba nezingxoxo nabantu kepha izinto abazigqokile yizo ezidlulisa umyalezo.

"Sibonile ukuthi akusiyona into ekude kepha yinto esondelene nathi futhi esikutholile ukuthi iningi labantu sebeke baba izisulu zokuhlukunyezwa ngokobulili. Esikutholile ukuthi ukuhlukunyezwa ngokobulili akusikhona ukubeka isandla kuphela kepha kuningi kuhlukene, nangokomoya," usho kanje.

Uthe bebehlose ukuqwashisa umphakathi ukuthi akusikhona ukushaywa kuphela okuwukuhlukunyezwa futhi bafuna abantu ukuthi baphumele emphakathini basho ukuthi bayizisulu kepha okukhulu kunakho konke ukuthi babike kwabomthetho. "Sifisa izakhamuzi zazi ukuthi uma ziza kwaMasipala zizosithola futhi sizobe sizimisele ukuzelekelela. Akukhona ukuthi sizobe sixoxa ngezinkinga kuphela kepha sizohamba nezintaba silekelelane, sithuthukisane nangokomoya," kusho yena.

Kulolu hambo lezi zisebenzi zifake imali yazo, uxhaso zazifunela zona. UNks uKhumalo uthe bathole uxhaso kubantu abaningi ukuze lolu hambo lube impumelelo. Uthe ezinye izinto kumele uzenze ukuze uzwakale, okubiza ukuthi uze uthathe ezintweni zakho kanye nakubantu abasondelene nawe, okungangokuba ugcina ungasenandaba nokuthi kuzokudla kangakanani ekhukhwini ngoba uyakholelwa kulokho.

"Besikholelwa kulolu hlelo ingakho sifake imali yethu kulo ukuze kuzuze umphakathi. Ngalolu hlelo sifisa amaphoyisa alalele abantu abazobika amacala ahlobene nokuhlukunyezwa ngokobulili, nemithetho yaseNingizimu Afrika ingavikeli abenzi bobubi noma abahlukumezi," kusho yena. Uqhube ngokuthi ukusuka kwabo eMsunduzi beya eThekwini kukodwa kuwuphawu lokuthi bangenza




**Abebeyingxenye yohambo** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

noma yini esemandleni ukulwisana nokuhlukunyezwa ngokobulili.

Uqhube ngokuthi bayabona ukuthi ngalokhu abebekwenza bekuligxathu lokwenza kahle. Uthi njengabahleli baqinisekisile ukuthi ezokuphepha zikhona. "Lokhu ebesikwenza nalabo ebesibanxenxa bebazi ukuthi asenzi nzuzo, sithole uMsamariya uSamkelisiwe Zulu osebenza eRemsy oqeqeshelwe usizo lokuqala. Ngalokho besiqinisekisa ukuthi abafisa ukuba ingxenye yalolu hambo bazi ukuthi baphephile."

"Imiikhankaso imandla ngakubantu besifazane ngenxa yezibalo, sinxusa ngisho abesilisa ukuba baphumele obala uma beziwa ukuthi bayahlukumezeka ngoba impilo yabo imqoka."

UNks uSimenyiwe Majola naye ophuma ophikweni lwakwaSecretariat obebambe iqhaza kulolu hambo uthe: "Kumina ukuba ingxenye yalolu hambo bekusho ukweseka umqondo wabantu besifazane ngoba kunenkolelo yokuthi thina asilekelelani sisodwa, lokhu bekuwukuhlaba ikhwelo ukuthi abantu besifazane abalekelelane."

UNks uXaba uthe" "Njengomuntu oyisisebenzi sikaMasipala, okuwuhlaka lukaHulumeni olusekhaleni emphakathini, lapho sihlangana nabantu, abanye lokhu esikwenzayo bakuthatha njengemidlalo kanti kuthina kuwukuthi uma sikhuphuka silindana, sibelethana, silimele, sigqogqoshana ilapho sibona khona ukuthi singabantu sidlula ebunzimeni ngenkathi silekelelana lokho kwakha isithombe sokuthi siyohlezi sikhona ukusizana, uma kukhona olimalayo lokho kuyabonisa ukuthi sonke siyathikamezeka."

Uqhube wathi ngesikhathi benza lezi zinhlelo bayakuthakasela ukuthi nabantu besilisa bayingxenye ngoba lokhu kuwuphawu lokubumbana. "Umyalezo engingawudlulisa kuzakhamuzi zaseMsunduzi njengesiqubulo sithi silence is not golden, ukuthi abangathuli ngeke baluthole usizo, akuqali ukuthi umuntu umbone esenezibazi ukuthi uyahlukumezeka, kepha kumele izinhliziyo zethu sizivule ukuze izakhamuzi kanye nezinye izisebenzi zithole usizo," usho kanje.

Uthe babe nomuntu wesilisa oyedwa obe ingxenye yalolu hambo okunguMnu uMthoko Sibiya ongunogada eRamsy, kanti kubekhona abanye besilisa ababe ingxenye yalolu hlelo ngokunikela, abebephinda babe izisebenzi zikamaMasipala uMnu uPhumlani Gumede oyiMeneja ophikweni Lokuhlaliswa Kwabantu, uMnu uNjabulo Mthembu naye oyiMeneja, uMnu uMfundo Ngubane oyiTown Planner, uMnu uHlalani Zondi oyiMeneja yakwaMPAC, uNks uNomkhosi Mahlaba osebenza kwaSustainable Development, noMnu uKhuleka Xaba kanye nenhlangano Amaqhawe Athletics Club.

# THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

## TENDER NOTICE

### CONTRACT No. SCM 29 OF 20/21

### APPOINTMENT OF A CONTRACTOR (6CE) FOR THE EXTENSION TO WATER RETICULATION IN MVELWENI AND BALENI, WARD 3- VULINDLELA

Tenders are hereby invited from suitably qualified and experienced Contractors for the extension to water reticulation in Mvelweni and Baleni, Ward 3 - Vulindlela. To have a CIDB grading of 6CE.

It is compulsory for all interested tenderers to download a Tender Registration Form in order for the tender document to be emailed to the interested tenderer. The Tender Registration Form is available on the Municipality's website www.msunduzi.gov.za in the Tenders Folder. The Tender Registration Form must be completed and emailed to the following email address: procurement@msunduzi.gov.za for registration. The registration will start from **Tuesday, 10th November 2020** until **Monday, 16th November 2020 at 23h59**.

No tender registration will be considered after the above closing date and time for registration. Tenderers who fail to register within the registration period will not be eligible to receive the tender document and to submit their respective tender documents when the tender closes.

Tenderers will thereafter receive an email from Mellissa Nero with the tender document and the date of the Virtual Briefing Meeting. Tenderers that do not receive this confirmation email within 24 hours of sending the registration form, an email request must be forwarded to procurement@msunduzi.gov.za or alternatively call 033-392 3018

The Municipality will continue to advertise its Tender Notices in the National Treasury eTender Portal and Municipal website, but the tender documents will be emailed to potential tenderers that submitted their Tender Registration Form on time.

Tenders must be submitted both in hard copy and on a CD/USB Flash Drive contained in sealed envelopes and marked with "**Contract No. SCM 29 of 20/21**" and the Contract Description must be placed in the Tender Box located in the **Foyer, Ground Floor, City Hall, 169 Chief Albert Luthuli Street (Commercial Road), Pietermaritzburg**, not later than **12h00, on Friday, 11th December 2020**, when they will be publicly opened. Only tenders placed in the Tender Box shall be accepted.

**Tender Validity Period:** Four (4) months commencing from the closing date of tender.
**Tender Evaluation Criteria:** The tender shall be evaluated on a 80/20 Preference Point System in accordance with the Preferential Procurement Regulations, 2017, issued in terms of section 5 of the Preferential Procurement Policy Framework Act, Act No. 5 of 2000.

The Msunduzi Municipality does not bind itself to accept the lowest or any tender, and reserves the right to accept the whole or any part of a tender. Each tenderer will be informed of the tender result. The Msunduzi Municipality expects businesses within the Pietermaritzburg and Midlands Region to support its contract and BEE/SMME initiatives.

**Mr. M. KHATHIDE (CITY MANAGER)**

# THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

## TENDER NOTICE

### CONTRACT No. SCM 28 OF 20/21

### APPOINTMENT OF A CONTRACTOR (6CE) FOR THE UPGRADING OF RESERVOIR 12 BULK PIPELINE AND UPGRADE OF EXISTING INFRASTRUCTURE WITHIN WARD6, VULINDLELA

Tenders are hereby invited from suitably qualified and experienced Contractors for the upgrading of reservoir 12 within ward 6, Vulindlela. To have a CIDB grading of 6CE.

It is compulsory for all interested tenderers to download a Tender Registration Form in order for the tender document to be emailed to the interested tenderer. The Tender Registration Form is available on the Municipality's website www.msunduzi.gov.za in the Tenders Folder. The Tender Registration Form must be completed and emailed to the following email address: procurement@msunduzi.gov.za for registration. The registration will start from **Tuesday, 10th November 2020 until Monday, 16th November 2020 at 23h59**.

No tender registration will be considered after the above closing date and time for registration. Tenderers who fail to register within the registration period will not be eligible to receive the tender document and to submit their respective tender documents when the tender closes.

Tenderers will thereafter receive an email from Mellissa Nero with the tender document and the date of the Virtual Briefing Meeting. Tenderers that do not receive this confirmation email within 24 hours of sending the registration form, an email request must be forwarded to procurement@msunduzi.gov.za or alternatively call 033-392 3018

The Municipality will continue to advertise its Tender Notices in the National Treasury eTender Portal and Municipal website, but the tender documents will be emailed to potential tenderers that submitted their Tender Registration Form on time.

Tenders must be submitted both in hard copy and on a CD/USB Flash Drive contained in sealed envelopes located in the Tender Box and marked with "**Contract No. SCM 28 of 20/21**" and the Contract Description must be placed in the Tender Box located in the **Foyer, Ground Floor, City Hall, 169 Chief Albert Luthuli Street (Commercial Road), Pietermaritzburg**, not later than **12h00, on Thursday, 10th December 2020**, when they will be publicly opened. Only tenders placed in the Tender Box shall be accepted.

**Tender Validity Period:** Four (4) months commencing from the closing date of tender.
**Tender Evaluation Criteria:** The tender shall be evaluated on a 80/20 Preference Point System in accordance with the Preferential Procurement Regulations, 2017, issued in terms of section 5 of the Preferential Procurement Policy Framework Act, Act No. 5 of 2000.

The Msunduzi Municipality does not bind itself to accept the lowest or any tender, and reserves the right to accept the whole or any part of a tender. Each tenderer will be informed of the tender result. The Msunduzi Municipality expects businesses within the Pietermaritzburg and Midlands Region to support its contract and BEE/SMME initiatives.

**Mr. M. KHATHIDE (CITY MANAGER)**

# THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

## TENDER NOTICE

### CONTRACT No. SCM 26 OF 20/21

### APPOINTMENT OF A PANEL OF SERVICE PROVIDERS TO UNDERTAKE AD-HOC PROFESSIONAL PLANNING AND DEVELOPMENT SERVICES FOR PROJECTS ON AN "AS AND WHEN" REQUIRED BASIS

The Msunduzi Municipality hereby invites tenders from suitably qualified and experienced Service Providers to undertake ad-hoc professional planning and development services for projects on an "as and when" required basis over a period of three (3) years.

Interested tenderers are required to submit a Bid Registration Form of which is available on the Msunduzi Municipality's website www.msunduzi.gov.za in the Tenders Folder / Database Forms. The registration will begin from **12 November 2020** and end at **23H59 on 20 November 2020**. The Bid Registration Form must be completed and emailed to procurement@msunduzi.gov.za (and copied to vinay.mohanlal@msunduzi.gov.za). Tenderers who fail to register within the above registration period will not be eligible to submit a tender document.

Tenderers will thereafter be informed in due course of the mode and details of the Tender Briefing Meeting once potential tenderers have submitted their Bid Registration Forms. Tenderers that do not receive any confirmation within 48 working hours at the end of the above registration period must request such via email to procurement@msunduzi.gov.za (and copied to vinay.mohanlal@msunduzi.gov.za).

The Msunduzi Municipality will continue to advertise its Tender Notices on the National Treasury e-Tender Portal and Municipal website. Tender documents will only be emailed to potential tenderers that have timeously submitted their Bid Registration Forms.

Tenders must be submitted both in hard copy and on a CD/USB Flash Drive contained in sealed envelopes and marked with "**Contract No. SCM 26 of 20/21**" and the Contract Description and must be placed in the Tender Box located in the **Foyer, Ground Floor, City Hall, 169 Chief Albert Luthuli Street, Pietermaritzburg, 3201**, not later than **12h00 on Tuesday, 15 December 2020**, when they will be publicly opened. Only tenders placed in the Tender Box shall be accepted.

**Tender Validity Period:** Four (4) months commencing from the closing date of tender.
**Tender Adjudication/Evaluation Criteria:** The tender shall be evaluated on a Two Stage Evaluation System – Stage One: Functionality and Stage Two: 80/20 Preference Point System in accordance with the Preferential Procurement Regulations 2017, issued in terms of section 5 of the Preferential Procurement Policy Framework Act, Act No. 5 of 2000. The Functionality for Stage One shall be evaluated on the following criteria:

| No. | Evaluation Criteria | Maximum Points |
|---|---|---|
| 1. | Project Team Experience | 50 |
| 2. | Similar Projects | 10 |
| Total Functionality Points | | 60 |
| Threshold to Qualify for Stage Two | | 75% |

The Msunduzi Municipality does not bind itself to accept the lowest or any tender and reserves the right to accept the whole or any part of a tender. Each tenderer will be informed of the tender result. The Msunduzi Municipality expects businesses within the Pietermaritzburg and Midlands Region to support its contract and BEE/SMME initiatives.

**Mr. M. KHATHIDE (CITY MANAGER)**

# THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

**1. CONTRACT No. SCM 23 OF 20/21:** PROPOSAL CALL FOR THE LONG TERM LEASE OF 30-50 YEARS FOR THE DEVELOPMENT OF ERF 2218 EDENDALE CC BEING 2HA IN EXTENT ALONG FJ SITHOLE ROAD, IN IMBALI STAGE 1, PIETERMARITZBURG.
**2. CONTRACT No. SCM 24 OF 20/21:** PROPOSAL CALL FOR A LONGTERM LEASE OF 30-50 YEARS FOR THE DEVELOPMENT OF THE SITE LEGALLY DESCRIBED AS PORTION A (OF 3) OF ERF 2295 EDENDALE CC, PIETERMARITZBURG BEING AT THE CORNER OF THWALA AND FJ SITHOLE ROAD, BEING 5062 m2 IN EXTENT.
**3. CONTRACT No. SCM 25 OF 20/21:** PROPOSAL CALL FOR A LONG TERM LEASE FOR A PERIOD OF 20-50 YEARS FOR THE DEVELOPMENT OF THE SCOTTSVILLE BOWLING CLUB SITE LEGALLY DESCRIBED AS PORTION A OF ERF 1913 PIETERMARITZBURG BEING AT THE CORNER OF NEW ENGLAND AND SAINT PATRICKS ROAD, BEING 5802m2 IN EXTENT, SCOTTSVILLE, PIETERMARITZBURG.

## TENDER NOTICE

The Msunduzi Municipality hereby call proposals for long term lease for development of above sites. It is compulsory for all interested tenderers to download a Tender Registration Form in order for the tender document to be emailed to the interested tenderer. The Tender Registration Form is available on the Municipality's website www.msunduzi.gov.za in the Tenders Folder. The Tender Registration Form must be completed and emailed to the following email address: procurement@msunduzi.gov.za for registration. The registration will start from **Thursday, 12 November 2020 until Friday, 20 November 2020** at **23h59**.

No tender registration will be considered after the above closing date and time for registration. Tenderers who fail to register within the registration period will not be eligible to receive the tender document and to submit their respective tender documents when the tender closes. Tenderers will thereafter receive an email from Phiwe Mthalane with the tender document and the date of the Virtual Briefing Meeting. Tenderers that do not receive this confirmation email within 24 hours of sending the registration form, an email request must be forwarded to procurement@msunduzi.gov.za or alternatively call 033-392 2486.

The Municipality will continue to advertise its Tender Notices in the National Treasury eTender Portal and Municipal website, but the tender documents will be emailed to potential tenderers that submitted their Tender Registration Form on time.

Tenders must be submitted both in hard copy and on a CD/USB Flash Drive contained in sealed envelopes and marked with "**Contract No. SCM 23, 24 & 25 of 20/21**" and the Contract Description must be placed in the Tender Box located in the **Foyer, Ground Floor, City Hall, 169 Chief Albert Luthuli Street (Commercial Road), Pietermaritzburg**, not later than **12h00, on Friday, 11 December 2020**, when they will be publicly opened. Only tenders placed in the Tender Box shall be accepted.

**Tender Validity Period:** Four (4) months commencing from the closing date of tender.
**Tender Evaluation Criteria:** The tender shall be evaluated on a Two Stage Evaluation System – Stage One Functionality and Stage Two 80/20 Preference Point System in accordance with the Preferential Procurement Regulations, 2017, issued in terms of section 5 of the Preferential Procurement Policy Framework Act, Act No. 5 of 2000.

| No. | Evaluation Criteria | Maximum Points |
|---|---|---|
| 1. | Project Development experience of residential development, mixed use development or Similar Developments | 10 Points |
| 2. | Lease duration period | 5 Points |
| 3. | Access to funding | 10 Points |
| 4. | Submission of development proposal that conforms to the Municipality's vision as outlined in the Msunduzi Spatial Development Framework, City Development Strategy and the Integrated Development Plan etc. | 15 Points |
| Total Functionality Points | | 40 Points |
| Threshold to Qualify for Stage Two | | (28 Points) |

The Msunduzi Municipality does not bind itself to accept the lowest or any tender, and reserves the right to accept the whole or any part of a tender. Each tenderer will be informed of the tender result. The Msunduzi Municipality expects businesses within the Pietermaritzburg and Midlands Region to support its contract and BEE/SMME initiatives.

**Mr. M. KHATHIDE (CITY MANAGER)**

CITY OF CHOICE
PIETERMARITZBURG
MSUNDUZI

THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

# CALL FOR PROSPECTIVE TENANTS AT YOUTH ENTERPRISE PARK

The Msunduzi Municipality Sustainable Development & City Enterprises, Development Services Sub-Unit wishes to call for prospective youth - owned enterprises within the jurisdiction of the municipality to apply for a container space at the new Youth Enterprise Park. Youth Enterprise Park Centre is a Small Medium Micro Enterprises (SMME's) Incubation Centre that will be used to provide development support services to youth owned enterprises to trade.


**ELIGIBLE CRITERIA AND ENTRY REQUIREMENTS:**
The applicant must meet the following criteria:


- The business must be located within the boundaries of Msunduzi Municipality, preferably located in Greater Edendale.
- The business must be 100% youth owned (18-35 years)
- The owner must be prepared to sign a one (1) year lease agreement with Msunduzi Municipality and should demonstrate intent to abide by all rules.
- The business must have been operating and show some sort of profitability for at least 1 year or more.
- The tenant enterprises should be able to operate within the confined floor area provided by the containers.
- The tenant enterprises need to co-exist with each other and therefore cannot be competing for the same target market and can share the common space.
- Business owners must be South African citizens.
- Applicant must submit completed application form, Business Plan & Portfolio of evidence of operation, ID Copy, proof of residence.

Msunduzi Municipality reserve the right to select the suitable SMMEs to participate in the facility. Application forms are available on the Municipal website and offices. Applications must be submitted at the 9th Floor, Professor Nyembezi Centre, 341 Church Street, Pietermaritzburg or scanned to email simtholile.myeni@msunduzi.gov.za. **The closing date for submissions is on the 11 December 2020, before 16:00.** For all enquiries, kindly contact Mr. Simtholile Myeni (Manager: Local Economic Development) No. 033 392 2842 or Mr Mthobisi Khumalo (Senior Manager: Development Services) telephone No. 033 392 2493 or email: mthobisi.khumalo@msunduzi.gov.za

Yours in Economic Development
M. Khathide
City Manager

# Isilungisiwe indawo yokulothisa eMsunduzi





**UMnu uMandla Zuma namalungu ekomiti behlola indawo yokulothisa esilungisiwe** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

**nguSiyethaba Mhlongo**

LAPHO kulindeleke ukuba sinyuke isibalo sabantu abadlula emhlabeni ngenxa yokhuvethe noHulumeni ukuba aqhamuke namaqhingasu ukuthi asebedlule emhlabeni bathole izindawo zokulondolozwa njengoba abanye bebheka izindawo zamathuna, kuqondane nokuthi uMsunduzi ulungisa indawo yawo yokulothisa izidumbu eseyinesikhathi eside ingawusebenzeli umphakathi.

Ukulahlekelwa isihlobo noma othandiweyo kuyinto ebuhlungu ingakho kuba sengathi uma sewumvalelisa angahamba ngesizotha. Abantu bakhetha izindlela ezahlukene zokulondoloza, abanye leyo ejwayelekile yokumbelwa abanye eyokushiswa. EMsunduzi emveni kwesikhathi eside abakhetha eyokushiswa bengakutholi ukuhamba ngendlela abayifisayo, amalungu ekomiti leCommunity Services avakashele indawo yokulothisa ebingasebenzi.

USihlalo waleli komiti uKhansela uLinda Madlala uthe: "Sesiyaluphothula uhlelo lokulungisa indawo yethu esinesikhathi eside ingasebenzi ngenxa yezinkinga ebe nazo. Kuyasithokozisa ukuthi izakhamuzi zaseMsunduzi ezinesifiso sokugcinwa ngale ndlela sezizokuthola lokhu ezikufisayo, endaweni yazo, lokho kuwukuletha izinsiza emphakathini."

UKhansela uMadlala uthe izakhamuzi zaseMsunduzi bekudingeka ukuthi ziye eCato Ridge ukuze zithole indlela yokulothisa izihlobo zazo. "Indawo yethu ngaphambi kokuthi ivalwe yayinenkinga yokuthi oyisebenzisayo uma eyivula emva kwesikhathi esibekiwe okumele engabe isidumbu sesiwumlotha, athole ukuthi mhlawumbe asikashi sonke, kusanezitho zomzimba ezithize, lokhu okudala ukucindezeleka ngisho engqondweni ezisebenzini," kusho uKhansela uMadlala.

USihlalo uthe amalungu ekomiti abone kumqoka ukuba avakashele le ndawo ukuhlola inqubekela phambili. Leli komiti lakhiwa amakhansela ali-13 amaqembu epolitiki ahlukahlukene. "Imibuzo amalungu ekomiti abenayo ukuthi umphakathi waseMsunduzi uzoyisebenzisa nini le ndawo futhi yini eshodayo? Kuyasithokozisa ukuthi nokho umsebenzi sewuqhubekile futhi sekusele kancane njengoba lokho okumqoka sekwenziwe sekuwukulungisa nje lokhu kokuthi indawo ibukeke kahle," kusho yena.

Uqhube wathi ikomiti lanelisekile ngomsebenzi owenziwa inkampani eqashelwe ukwenza lo msebenzi. "Izisebenzi zethu uma zihlola umsebenzi osewenziwe yile nkampani zithi okungenani ngama-70% kuya kwama-80% omsebenzi osuphothuliwe.

Uthe lokhu abakwenzayo akusikhona ukuphendula kukhuvethe kepha kuwukulungisa indawo yabo ebese ingekho esimweni. "Yebo kuqondanile nokuthi kuhlasele lolu bhubhane. Sibone kumqoka ukuthi silungise le ndawo ngokuphuthuma ngoba ukusuka lapha eMsunduzi beya eCato Ridge ngoba befuna ukulothisa lokho bekuba umthwalo kuzakhamuzi zaseMsunduzi zibe zinayo indawo yazo yokulothisa."

Osebenza kwaMasipala uMnu uMandla Zuma elandisa ngobekuyinkinga kule ndawo uthe: "Izindonga eziphakathi lapho kufakwa khona isidumbu beseziwa ngenxa yokushisa okukhulu okubakhona ngenkathi kushiswa isidumbu, izivalo bese zinenkinga obekungaholela ezintweni ezahlukene mhlawumbe kube nengxenye yomzimba ephumayo ngenkathi kusha, okunye phambilini bekungafakiwe okunqanda ukushisa ophahleni manje sekufakiwe."

Uqhube ngokuthi inkampani ebilungisa yeluleke uMasipala ukuthi nakuba beyilungisile eminye imishini esebenza kule ndawo kepha kumele uthenge emisha emveni kwesikhathi ngoba ekhona iwuhlobo oludala.

Ilungu lekomiti uKhansela uMehmood Oumar ubuze umnikazi wenkampani elungisayo ukuthi isiphi isiqiniseko abazosithola njengoMasipala ukuthi emveni kokuba le ndawo seyiqalile ukusebenza ngeke ibanike izinkinga. Uphendule ngokuthi bazobe beyinakekela isikhathi esingangonyaka emveni kokuba seyiqalile ukulothisa.

UKhansela uMadlala uphethe ngokuthi: "Sithanda ukuxolisa kuzakhamuzi ngokungasebenzi kwale ndawo nezinkinga ezibuhlungu obekumele zibhekane nazo ngenxa yokungasebenzi kwale ndawo. SiwuMkhandlu sizokwenza konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi izinsiza ezinjengalezi ziyafinyelela emphakathini."

INGQALASIZINDA

# Imigwaqo iwumgogodla womnotho weDolobha

**ngu-Anathi Mtaka**

IMIGWAQO ibaluleke kakhulu emnothweni wanoma imuphi umphakathi futhi ibambe iqhaza elikhulu ekuhlinzekeni ngezidingo ezibalulekile. Imigwaqo eMsunduzi ijwayele kucinana ngenxa yesibalo esikhulu sezimoto nabahamba ngezinyawo, okufaka ingcindezi kumaphoyisa omgwaqo.

Ekhuluma naleli phephandaba, uSuperintendent uBheki Xulu, ucacise ngamaqhingasu abawasebenzisayo ukunciphisa isiminyaminya sezimoto.

Uthe kuyisifiso sikaMasipala ukwehlisa isikhathi sokuhamba ukusuka eScottsville ukuya edolobheni kube amaminithi amahlanu kuya kwayishumi uma kunezimo eziphazamisayo, amaminithi angama-20 ukusuka e-Edendale noma angama-30 uma kunezimo ezingaphezu kwamandla.





**USuperintendent uBheki Xulu** (Izithombe: ngu-Andile Mahlaba noJonathan Burton)

Kufanele kube ngamaminithi angama-20 ukuhamba usuka eNorthdale noma angama-30 ngaphansi kwezimo ezingalawuleki.

UXulu uthe ikhona indlela amaphoyisa omgwaqo nabasebenzisa umgwaqo abangasebenzisana ngayo.

Wengeze ngokuthi amaphoyisa omgwaqo kumele atshalwe kuzona zonke izindawo eMsunduzi hhayi e-Edendale kuphela lapho kunokwakhiwa komgwaqo okukhulu.

"Akuphusile ukugxila endaweni eyodwa, kubalulekile ukugcina imigwaqo yethu ivulekile ngoba lokhu kuzoqinisekisa ukugeleza komnotho nokuhlinzeka ngezidingo eMsunduzi," kusho uXulu.

Uthe akwamukelekile ukuthi abantu bafike emveni kwesikhathi emsebenzini ngenxa yokucinana kwezimoto emgwaqeni.

Mayela nezikhathi ezisetshenzwa amaphoyisa omgwaqo uthe: "Amaphoyisa omgwaqo aseMsunduzi asebenza kusukela ngelesi-6 ntambama. Abangena ekuseni baqala ngelesi-6 bashayise ngelesibili ntambama, abasebusuku baqala ngele-11 ekuseni kuya kwelesi-6 ntambama."

Uthe udaba lwezimoto ezisetshenziswa amaphoyisa luseyinkinga futhi wethemba ukuthi luzoxazululwa maduze. UXulu uthe ukuqashwa kwamaphoyisa angama-25 kwehlise umthwalo.

"Ukufika kwala maphoyisa kusisize kakhulu njengoba sesikwazi ukufinyelela ezindaweni eziningi esikhathini esifushane futhi singakwazi ukutshala amaphoyisa ezimpambanweni ukuvumela ukugeleza kwezimoto. Sesiseduze ukuba sifinyelele lapho esifuna ukuba khona," kuphetha uXulu.

EZEZINDIZA

# UMasipala uqinisekisa ukuphepha kwesikhumulo

## Kutholakale ukuthi izinga lokuphepha esikhumulweni sezindiza i-Oribi lisezingeni elijwayelekile

**nguLuvuyo Thahla**

KUJWAYELEKILE ukuthi abantu bacabange ukuthi ezokuphepha kulezi zikhumulo zezindiza ezincane aziqinile njengalezo ezinkulu. UMsunduzi lokho usukukhombise ngezenzo ukuthi kungamampunge ngoba inhlangano okuyiyo ebhekelela ezokuphepha ezikhumulweni zezindiza eNingizimu Afrika iCivil Aviation Authority (CAA) iqinisekise ukuthi izinga lokuphepha kwesikhumulo sezindiza i-Orib lisezingeni elifanale.

ICAA ebika ehhovisini likaNgqongqoshe Wezokuthutha yiyo ebeka imigomo ukuthi isikhulumo sizosebenza kanjani. Isizathu sokuthi kube khona lolu hlaka ukuqinisekisa ukuthi asikho isikhulumo esibuthaka, izinswelaboya ezizosisebenzisa ukufinyelela lapho eziphokophele khona. Bekujwayele ukutholakala ukuthi izinswelaboya zilokhu zisebenzisa lezi zikhumulo noma zingathathela kanjani inqobo uma zingasebenzisanga lezi ezinkulu, uMsunduzi ukuqinisekisile ukuthi lokhu akwenzeki kwesawo.

Obambe njengesikhulu sesikhumulo, uMnu uMazwi Mngwengwe, uthe okumqoka kubo ukuqinisekisa ukuthi umphakathi uphephile. “Sikubeka phambili ukuphepha komphakathi, asifisi umuntu osebenzisa lesi sikhumulo athuke impilo yakhe seyisengcupheni, ingakho senza isiqinisekiso sokuthi lokho esikuyalelwa yilolu hlaka siyakulandela, asithathi izindlela ezisheshayo,” kusho uMngwengwe.

UMngwengwe echaza lolu daba uthe lol hlaka uma lungaxegisa isandla ngokuqinisekisa ezokuphepha lokho kungabeka engcupheni nezikhumulo ezinkulu, iphinde ibeke engcupheni impilo yabagibeli ngoba luphinde lubheke izinto eziphathwa ngabagibeli ezingavumelekile ebhanoyini. “Lokho kungenzeka ukuthi umgibeli ubengazi ukuthi uphethe into engavumelekile ebhanoyini, okungasikhona ukuthi ingoba ehlose ukubhubhisa abantu ebhanoyini,” kulanda uMngwengwe.




**Isikhumulo sezindiza i-Oribi** (Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)

Isikhumulo sezindiza zase-Oribi sinenkampani eyodwa enamabhanoyi okuyi-Airlink elayisha kahlanu aphumayo, kanye nakahlanu angenayo. Lesi sikhumulo siphakela i-OR Tambo International Airport. I-Oribi iklama indima enkulu emnothweni wendawo ngoba osomabhizinisi basebenzisa lesi sikhumulo ukubamba imihlangano lapho bezotshala imali eDolobheni.

Lesi sikhumulo asisebenzeli uMasipala nje kuphela kepha siphinda sivule amathuba omsebenzi kanjalo nosomabhizinisi. “Kunabantu abasebenzayo abaqashwe inkampani yamabhanoyi (airline), kanye nezinkampani ezisebenzayo ngaphansi kwalesi sikhumulo sezindiza,” kuchaza uMngwengwe.

UMngwengwe ufisa izakhamuzi saseMsunduzi zisisebenzise lesi sikhumulo ngoba ingezinye zezinto ezakhela uMasipala inkece. “Nanoma iliphi ilungu lomphakathi liyazuza ngokugibela komuntu indiza, ileyo mali esiyisebenzisayo ukuphinda sihlinzeke umphakathi ngezinsiza, ngalokho uma amalungu omphakathi ezosebenzisa lesi sikhumulo izokwanda imali ezolekelela ekuhlinzekeni kwezidingo emphakathini,” kusho uMngwengwe.

Uqhube wathi izinhlelo abanazo manje njengoMasipala ukuheha ezinye izinkampani zezindiza njengoba kunenkampani eyodwa. “Isifiso sethu ukuheha ezinye izinkampani khona abagibeli bezokwazi ukuzikhethela, kanjalo bagibele nalokho okuhambisana nephakethe labo. Siyazi ukuthi into esishayayo ukuthi lezi zinkampani zize kulesi sikhumulo (Oribi) ukungabi nengqalasizinda ekwazi ukuthi ihambane nalezi ezinye izindiza. Ezinye izindiza uthola ukuthi zidinga indawo ende zisagijima phansi, thina eyethu uthole ukuthi imfishane, lokho kugcina kuphikisana nokudingwa ilezo zinkampani kodwa sizimisele ukukulungisa,” kulanda uMngwengwe.

Uveze ukuthi umphakathi uke uzitshele ukuthi amanani amba eqolo bese uya esikhumulweni sezindiza esiseThekwini, “Abantu babheka ukuthi mhlawumbe thina siyabiza ngama-R200 bese bangasisebenzisi lesi sikhumulo, uthole beya eThekwini bangazinaki izindleko ngenkathi beta uphethroli, imali yetollgate kanye neyokukhokhela indawo yokupaka imoto. Zonke lezo zindleko ezigcina zingaphezulu kunentengo yethu futhi bebengonga nesikhathi sabo.”

Akungatshazwa ukuthi izikole ezisezingeni lomhlaba kumabanga aphansi ziseMsunduzi, kanjalo nezingane zalabo abadla izambane likapondo zifunda ezikoleni zaseMsunduzi, uMngwengwe uthe lezi zingane zakwezinye izifundazwe zisebenzisa lesi sikhumulo ukuya emakhaya uma kuyizimpelasonto nokuya ezikoleni. “Iningi labantu abasebenzisa lesi sikhulumulo kubuye kube ngabazali balezo zingane kanye nabatshalizimali, othola ukuthi uzofika ekuseni bese ebuyela emuva ntambama,” kusho uMngwengwe.

Lesi sikhumulo silima indima emqoka kubafundi bezikole, kungaba abasemabangeni aphansi asebafuna ukuthola ukuthi yini abafisa ukuyifundela, kanye nalabo abafisa ukufundela ukushayela amabhanoyi.

“Lesi sikhumulo siyabemukela abafundi abafisa ukuzobona ukuthi sisebenza kanjani, siphinde seluleke labo abanesifiso sokusebenza kulo mkhakha ukuthi iziphi izifundo abangazenza siphinde sibe nesikole esifundisa ukushayela amabhanoyi.”

AMABHIZINISI ENDAWO

# Isikhumulo i-Oribi nendlela yokulekelela amabhizinisi

**nguSiyethaba Mhlongo**

ONGOTI kwezamabhizinisi bathi ukukhangisa ezinye zezinto ezimqoka ekusimamiseni ibhizinisi. UMsunduzi usungena endleleni entsha yokukhangisa idigital advertising. IMeneja yesikhumulo sezindisa i-Oribi uNks uNontobeko Mofokeng banqume ukufaka obhazabhaza bamathelevishini okukhangisa kulesi sikhumulo ukuze kube nokuxhumana nezakhamuzi zaseMsunduzi.

“Sizoqhakambisa izinto ezinhle ezenzeka eMsunduzi kanjalo nokuqhuba imikhankaso okungaba ukuphepha, ukuvikela noma ngabe yini eyenzeka esikhumulweni sezindiza. Lama thelevishini azolekelela ukwakhela uMasipala imali ngoba azophinda asebenze njengesikhangisi,” kusho yena.

Uthe nosomabhizinisi bavumelekile ukukhangisa njengoba uMasipala uphinde ube namabhodi okukhangisa futhi noma ibaphi osomabhizinisi nezinkampani zangaphandle bayabagqugquzela ukuba bayisebenzise le ndlela yabo ukuba bakhangise.

“Ukukhangisa usebenzisa idigital kushibhile futhi kuhlala isikhathi eside uma kuqhathaniswa namaphepha, kuya ngokuthi inkampani inesifiso sokukhangisa isikhathi esingakanani, siqala esikhathini esingangesonto.”

Uthe sebehlose ukusebenzisa isikhumulo sezindiza njengebhizinisi elizofakela uMasipala imali. Uqhube wathi abafuni ukwakha imali ngabagibeli bezindiza kuphela kepha nangezinye izindlela. “Sibonile ukuthi isikhumulo sinawo amandla okuba isizinda sokukhangisa ngoba kunabantu abaningi abasisebenzisayo futhi abahamba ngezinyawo njengoba kufika abazolanda abagibeli, osomabhizinisi nabafundi kusho ukuthi kungena lonke uhlobo lomuntu,” usho kanje.

Uthe inhloso ukwakha imali ngesikhathi beqhakambisa amabhizinisi kanti bazokhangisa noma imaphi amabhizinisi asemthethweni kodwa azocutshungulwa njengoba kunenqubomgomo ebalawulayo futhi kusayinwa inkontileka.

Uveze ukuthi lokhu kusebenza ezikhangisi zamaphepha nakwezinamekwa odongeni (wallpapers).

UNks uMofokeng uthe ngendlela uMasipala olusebenza ngayo udaba lokukhangisa uhlose ukwenza isiqiniseko sokuthi namabhizinisi amancane ayakwazi ukukhangisa.

UNks uMofokeng wenze isibonelo ngesikhangisi esingaphambili kwalesi sikhumulo wathi inkampani ekhangisile ayikhokhi imali engaphezu kwezi-R3000 ngonyaka.

“Sihlose ukuthi amabhizinisi akhule kodwa inqubomugomo iyabheka ukuthi hloboluni lwebhizinisi leli okulo.



**UNks uNontobeko Mofokeng** (Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)

Ukuthi inkampani izokhokha malini kuncike ekutheni isikhangisi singakanani uma kungesasodongweni noma iphepha, lapho kubalwa nge-m2 nokuthi hlobo luni lwesikhangisi olufunwa ibhizinisi,” kusho yena.

Uqhube wathi ukukhangisa kudigital kushibhile kunalo lonke olunye uhlobo lokukhangisa olukhona eMsunduzi ngoba ayikho into esetshenziswa uMasipala ngaphandle kukagesi futhi okungadingi ukuthi uMasipala unakekele impahla.

Uthi okuwumsebenzi wofake isikhangisi ukuthi njalo emva kwesonto ayohlola ukuthi ngabe sisavela ngendlela ayifisayo yini.

“Sinxusa abantu ukuthi basebenzise isikhumulo sezindisa sabo lapha eMsunduzi baphinde bakhangise kuso ngoba izinkampani ezinkulu ziyalisebenzisa leli thuba kodwa lezi ezincane okuyizo ezilidinga kakhulu azifiki ukuzoxoxisana noMasipala.

Ngenxa yokhuvethe amabhizinisi ashayekile ngakho-ke ukuze ibhizinisi liqhubeke lisebenze kubiza ukuthi limakethwe ngendlela lokhu uMasipala akudingayo ngoba ukufadabala kwamabhizinisi kubulala umnotho wendawo.

Sizimisele ukuxoxisana nangamanani ngoba lesi sikhathi sishaye kwazwela emabhizinisini,” kusho yena.

Kusuka zintathu kuNtulikazi uNgqongqoshe Wezokuthutha uMnu uFikile Mbalula wamemezela ukuthi isikhumulo sezindiza i-Orib singezinye zezikhumulo ezikulungele ukuvulwa ngenxa yokuthi siyahlangabezana nemigomo nemiyalelo yokhuvethe.

Ukuze isikhumulo sivulwe kwakumele sihambise kulo Mnyango nakwaSouth African Civil Aviation Authority umbiko wokuthi sizosebenza kanjani ukunqanda ukubhebhetheka kokhuvethe.

UNks uMofokeng uthi izindiza zabuya amasonto amabili kodwa ngenxa yemigomo ethile ebilawula ukuhamba ababanga baningi abantu abebezisebenzisa okuholele ekutheni zihoxiswe.

“Kulesi sigaba sokuvalwa kwezwe akusadingeki zimvume uma unesifiso sokundiza,” usho kanje.

Uphethe ngokuthi kukhona amabhizinisi avalile ngalesi sikhathi semvalelwakhaya kuyimanje kunezikhala ezikhona zokwenza ibhizinisi kulesi sikhumulo ngakho onesifiso sokuqasha indawo yokuthengisa angaya kwaMasipala.

“Indlela esiqoka ngayo inkampani sibheka ukuthi okuthengiswayo kukulungele yini ukudayiswa esikhumulweni futhi lizokwazi yini ukuba ibhizinisi elisebenzayo nalo likwazi ukwenza inzuzo,” kusho yena.